

**UKUSEBENZISANA OKUQHUBEKAYO EMIZAMWENI
YOKUPHUMELA OBALA NGENTELA NGOKUSEBENZISA
UKUSHINTSHANA NGOLWAZI**

Tshwane, 22 kuLwezi 2021 – Ukuba sobala ngentela nokuShintshana Ngolwazi ikona obekuhamba phambili ohlelweni lwentela yamazwe omhlaba kuleli sonto eledlule lapho bekusingathwe khona imihlangano eilandelana ye-Africa Initiative kanye ne-OECD Global Forum emihlanganweni ye-*Transparency and Exchange of Information for Tax Purposes (Global Forum) Plenary meetings*.

Ngonyaka wezi-2014, i-Global Forum yethula i-Africa Initiative, ukuze iqinisekise ukuthi amazwe ase-Afrika ayahlonyiswa ukuze akwazi ukusebenzisa ukuthuthukiswa kokuba sobala nokushintshana ngolwazi ukuze akwazi ukubhekana nokugwenywa kwentela. Lokhu kusemqoka kakhulu kunakuqala njengoba kubonakele emaphepheni aputshukile aziwa nge*Pandora Papers* kanye nokukhula okuqhubekayo ekushintshaneni ngolwazi lwentela okuzenzekelayo.

Ngaphansi kobuholi bukaKhomishana-Jikelele we-*Kenyan Revenue Authority*, uMnu Githii Mburu noKhomishana uKieswetter, okunguSihlalo nePhini likaSihlalo ngokulandelana kwabo be-Africa Initiative, umhlangano wemukela iRwanda ebe ngeyama-32 ukusayinda i-*Yaoundé Declaration*. Lesi yisifungo esinqala ekulweni nokugelelza kwemali okungemthetho i-Illicit Financial Flows (IFFs) ngokusebenzisa ukushintshana ngolwazi lwentela. Umyalelo wethimba lobuholi uphinde welulwa ngomunye unyaka.

Umhlangano we-10 we-Africa Initiative ube nabameleli abavela amazweni angama-26 ase-Afrika ezoxoxisana ngentuthuko esikhona uma kuqhathaniswa amasu amabili ayizinsika ze-Africa Initiative, okuyilawa: (i) ukuqwashisa ngezombusazwe kanye nokuzinikela e-Afrika kanye (ii) nokuthuthukisa ukukhona emazweni ase-Afrika uma kuza ekubeni sobala nasekushintshaneni ngolwazi.

Ngenxa yomphumela wohlelo olwethulwe ngonyaka wezi-2021 olwaziwa nge-*Train-the-Trainer*, ngonyaka wezi-2021 sekuqeqeshwe izisebenzi ezingaphezulu kweziyi-2 000 zasemazweni ase-Afrika eqeqeshelwa ukushintshana ngolwazi. INingizimu Afrika inezisebenzi ezimbili eziphothule ngempumelelo lolu hlelo lwe-*Train-the-Trainer* kanti futhi kuze kube manje lezi zisebenzi seziqeqeshe nezinye izisebenzi ezingama-60 zakwaSARS ngemigomo yokushintshana ngolwazi, kanti futhi kusahlelwe okunye ukuqeqesha kokungenelela ezinyangeni ezizayo. Njengoba umsebenzi wokwakha amandla weGlobal Forum owu-38% ubhekiswe ku-Afrika ngonyaka wezi-2021, uKhomishana Kieswetter ugcizelele ukubaluleka kokuqhubeka nomkhankaso wokukhulisa amandla okushintshana ngolwazi i-*Exchange of Information (EOI)* ezwenikazi ukuze silwisane nokugwenywa nokubalekelwa kwentela. Yemukelwe inqubekela phambili yethimba elaziwa nge-*Working Group* elisebenza osizweni

lokweqiwa kwemingcele i-*Cross-Border Assistance ku-Recovery of Tax Claims* njengomphumela osemqoka wokushintshana ngolwazi lwentela okuyimpumelelo.

Umhlangano owaziwa nge-*14th Plenary meeting* we-Global Forum ubuhanjelwe ababambiqhaza abevile kwabangama-700 abasuka ezindaweni eziyi-130 ezinegunya kanye nasezinhlanganweni zamazwe omhlaba eziyi-12.

I-Global Forum isebenzise lo mhlango we-Plenary ukugubha iminyaka eyi-10 yohlelo olwaziwa nge-*Capacity Building and Outreach programme* kanye nempumelelo yalo ekunikeneni amazwe asathuthuka ithuba lokuthola imali engenayo ayidinga kakhulu.

I-Plenary ikhulume ngezingxoxo ezisezingeni eliphezulu ngokuba sobala nasekushintshaneni ngolwazi uma kufukulwa umnotho, izifundo ezifundiwe ekusebenzisani okumbaxanangi kanjalo nezinsalelo okubhekanwe nazo kulolu hambo lokushintshana ngolwazi oluzenzekelayo.

UKhomishana uKieswetter, ophinde abe yiPhini likaSihlalo we-Global Forum, uyamukele inqubekela phambili esiyenzekile ku-*Automatic Exchange of Information (AEOI)* kanye nokwemukelwa kweveshini yesibili ye-*Common Reporting Standard (CRS)*.

INingizimu Afrika ithumele imininingo ye-CRS yaya kubalingani abangama-76 “abanegunya, kanti abalingani abangama-96 bazifezile izibophezelo zabo zokushintshana neNingizimu Afrika. Ngaphandle kokubalula izibalo kanye nenani okubikwe phakathi kukaSARS nabalingani bawo, uMbiko Wonyaka we-Global Forum uthi ngonyaka wezi-2020, kwashintshana ngokuzenzekelayo ulwazi lwama-akhawunti ezimali angaphezulu kwayi-75 million emhlabeni jikelele, okufaka izimpahla ezilinganiselwa ku-EUR 9 trillion

“Njengoba izindlela zebhizinisi zishintsha ngesikhathi ukuze zisebenze ngedijithali, kungabi ezasekhaya zodwa futhi zibe ngemihlangano ebanjwa ngohlelo xhumano lwezobuchwepheshe futhi njengoba imingcele yokuba khona siqu iya iphela ukubaluleka kwayo ekukhiqizweni nasekuhanjiseni kwempahla nosizo, sisonke intela yethu isengcupheni yokuphazamiseka. Ukusebenzisana nabaPhatha iNtela ukuthuthukisa isimo sentela ukuze kusetshenziswane kahle futhi kubanjiswane kubalulekile ukusebenzisa imihlomulo yokuba sobala ngezindaba zentela kanjalo nokushintshana ngolwazi lwentela. Sisaqhubeka nohambo lwethu lokwakha kabusha uSARS o-SMART, uSARS wesimanje onesithunzi esingangabazeki, esethenjwayo futhi oyisibonelo esihle. Okusemqoka kulokhu ukukhulisa ukukhona kwethu ngokusebenzisa ubuchwepheshe nemininingo ngokusebenzisa ubunhloli bobuchwepheshe ngokusetshenziswa kwemishini yokufunda esezingeni eliphezulu. Njengoba sikhulisa futhi selula ukusetshenziswa kwemininingo, i-EOI ne-AEOI kungumthombo obalulakile wemininingo osebenzisana nenqolobane yemininingo

yabantu abaseceleni okwenza kube lula ukuhlonza abakhokhintela nabahwebi abangathobeli. Ukungathobeli kuzoba nzima futhi kumbe eqolo, ngakho-ke, nginxusa abakhokhintela nabahwebi ukuba benze okufanele bazithobebele ngokuzikhethela,” kusho uKhomishana Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe ngesihloko sokuba sobala ngentela kanye nokushintshana ngolwazi, sicela ubheke lokhu okulandelayo:

- [Statement of outcomes of the 10th Africa Initiative meeting, 15 November 2021](#)
- [Statement of outcomes of the 14th OECD Global Forum Plenary, 19 November 2021](#)

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za